# ZIMBABWE SCHOOL EXAMINATIONS COUNCIL

**General Certificate of Education Advanced Level**

## LITERATURE IN NDEBELE 6008/1

PAPER 1

**SPECIMEN PAPER** 3 hours

Additional materials:
Answer paper

**ISIKHATHI:** Amahola amathathu

**IZIXWAYISO KWABAHLOLWAYO**

Bhala ibizo lakho, inombolo yendawo ohlolelwa kuyo lenombolo yakho wena ohlolwayo ezikhaleni oziphiweyo ephepheni lakho lempendulo/ebhukwaneni lempendulo.
Phendula imibuzo **emithathu**, kube **lemibili** ezavela kuSigaba **A**, **lomunye** ozavela kuSigaba **B**.

Bhalela izimpendulo zakho emaphepheni okubhalela owaphiweyo.
Uma usebenzise amaphepha amabili kumbe edlulayo, **abophele ndawonye**.

**IZELULEKO KWABAHLOLWAYO**

Imiklomelo ephiwa umbuzo munye ngamunye kumbe ingxenye yombuzo itshengisiwe ezibayeni [ ] ekucineni kombuzo.

**Umhloliso lo ubhalwe emakhasini ayisithupha amabili awabhalwanga lutho.**

Copyright: Zimbabwe School Examinations Council, Specimen paper 2018.

## ISIGABA A

Phendula imibuzo **emibili** kulesi isigaba

1 Balisisa indaba elandelayo bese-ke uphendula umbuzo ongaphansi olandelayo.

" Umama okule indaba usebunzimeni obukhulu kodwa umthandazo wakhe uyaphendulwa." Nika ubufakazi obusekela umbono lo bese-ke uveza ukuthi isimo akuso siqubule mizwa bani kuwe ohlolwayo. **[35]**

"Uthini-ke ngemali yami magogo?"
" Ngibekezelela mntanami".
" Ngikubekezelele kuze kube nini magogo? Kuze kube nini, ngiyabuza ngiphendule?
" Mntanami nginike izinyanga ezine ngiqongolele kweyempesheni ndodana."
"Ngesikhathi uqongolela mina ngizobe ngidlani MaZitha?"
" Mntanami zwelana nami."
" Ube wena ungazwelani nami?"

Siphume isalukazi ikhanda liyisizemazema singazi ukuthi sizothathani sihlanganise nani. Nala amashumi amahlanu amarandi akhona besithi siyobhadala isikweletu sempuphu esayithatha esitolo seNdiya uMahlakanipheni.

Sibuye singene futhi. "Yamkela nanka amashumi amahlanu amarandi okwamanje." Awathi hlwi uSandlwana aze acishe adabuke awathi shwathi ephakathaneni elincanyana. "Le mali kangiyibali esikweletini magogo." Kwasho uSandlwana. "UDoqo indodana yakho ngangimnike inkulungwane yonke yamarandi iyisigulukunqa, kakubanga wona amancozuncozu lawa wena osunginika wona namuhla. Lena osunginike yona," esho ehleka kancane, "kakukabi yinkulungwane yami eyayibolekwe nguDoqo. Wena nje usazikhokhela inzalo yayo nje kwaphela."

" Hawu! Kangikaze ngikuzwe-ke lokho osukusho manje Sandlwana." Washo umuntu omdala wahlengezela izinyembezi.
"Angithi kuthiwa umuntu ufunda aze afe? Namuhla nawe nakuba umdala ungaka uyafunda magogo, futhi uyoze ufe ufunda."
" Ngicela uzwelane nami. Ngicela unginike inyanga ezine zokucongolela imali yakho. Uma ingeneli sengiyotsheleka nakwabanye bangigcwalisele."
" Kangingathi ngisalindele bese sewufikelwa wusuku lokufa magogo, kuthi –ke imali yami ngingabengisayithola unomphela. Okubi nje ngizwe sengathi neminyaka kaDoqo seyelulwe ngemithathu kulandela ukubulala kwakhe isiboshwa ejele."

"Ngiyeke ngoDoqo nezakhe, yisho ukuba uyavuma noma qha?"
"Kwesinye isikhathi umusa uyadingeka. Ngoba nanku inzalo sewunginikile, nami kangikunike isikhathi leso osicelayo sokucongolela. Khumbula magogo ukuthi yaphela nje leyo nyanga imali yami ingaphelele, mina sengiyoqeda izikweletu ngawe. Ngiyothatha engibona ukuthi uma ngikudayisa kungahle kuyibuyise imali yami."
" Ngiyabonga mntanami: hhayi nokho ngibonga kanzima ngenxa yesigwebo osilengise ekhanda lami"
"Okwesigwebo magogo, yizintwala zakho ezidinga ukuchotshwa nguwe."

"Wake wangikholisa uDoqo we bantu ngokuhamba etsheleka izimali nakomahlalela abafana noSandlwana." Wasikhihla isililo uMaZitha ecabanga la mazwi: "Khumbula mina sengiyoqeda izwikweletu ngawe..."
Ntambama wavula umsakazo wezwa kuzindaba.
"Kuleyo nhlekelele kushone owesilisa obengumshayeli waleyo moto. Igama lakhe sekutholakale ukuthi nguSandlwana Janquza. Ezivela eKapa zithi..."
Sahlaba ngedolo phansi isalukazi sithandaza.
" Oh sixolele nkosi yasemazulwini. Nkosi ngiyabonga nakuba kungumbongo onzima. Baba, ngixolele ngawo kepha nakuba kunjalo kakuvumi ngingasho ukuthi ngiyabonga Nkosi."

*Lombhalo ucatshunwe kugwalo oluthi:Amacabanswani Osiba, oluhlelwe ngu N.F Mbhele, The Natal witness,1991.*

**2.** Funda umbhalo lo olandelayo ube usuphendula imibuzo elandelayo.

**(i)** Ziyini iziqondiso zabadlali njalo zenza misebenzi bani kuhlobo lolu lombhalo? [5]

**(ii)** Zikhethe zonke iziqondiso zabadlali ubonise ukuba ziwuphumelelisa kanjani umumo wamajaha akulo umbhalo. [15]

**(iii)** Kuqubuke mizwa bani kuwe ohlolwayo? Nika ubufakazi obupheleleyo. [15]

**Danisile** : Sesinjani isisu mfowethu?

**Simayedwa** : Hatshi, sengingcono, besingigijimisa sengize ngithela igazi.(*watsho emphendula eqethukile ngaphansi kwesihlahla).*

**Danisile** : Ye! Ngikuzwile kuzavuka kuyizolo ukuthi awubuquthanga ngitsho.

**Simayedwa** : Ah! Okwalapha! Ngivuke ekuseni ngaya eklinika bafika banginika amanzi etshukela lesawudo kuphela, bathi abalayo eminye imithi enganginceda.

**Danisile** : Kambe vele balendaba lathi kumbe bathi kazife izigilamkhuba, izephulamthetho zejele?

**Simayedwa** : Asazi. (*watsho esondela eduze kwakhe ehlala phansi*).

**Danisile** : Mina phela ngathi ngisandakungena lapha ngake ngakubona okwabonwa yingidi ithwele amalahle. Ngathwala nzima ngaswela longisizayo.

**Simayedwa** : Kwenzakalani?(*wabuza esemuthe nhlo emehlweni*).

**Danisile** : Mfowethu! Lalithi litshona uze ufise ukuthi ngabe kalitshoni ngoba kwakusenzakala ebusuku kuphela.

**Siymayedwa** : Ngumkhuhlane owawukwenza ebusuku kuphela?

**Danisile** **:** Hatshi ubala lokho! Kwakulesiqwabalanda sendoda esasibotshiwe laso. Sasingidumela sifuna ukuhlala singithathela ukudla kwami.

**Simayedwa** **:** Kwaze kwaphetha ngani manje?

**Danisile** **:** Wawusithi ungazisa abalindi bejele ngakho bengenzi lutho. Ngaze ngathi ngelinye ilanga okungayisikufa yikuphi. Ngayikhohlwa ukuba iyisiqwabalanda, ngayithi nka emlenzeni yawuhlaba yawulawula umkhosi lindoda bathutsha bethelile abalindi bentolongo.

**Siyayedwa** **:** Bafika bathini? (*wabuza esebohle ubuso*).

**Danisile** **:** Babuza uthuthi kwenzakalani ngase ngimthe jiti laphayana**.** Ngabalandisela kodwa layo leyo ndoda yahle yakhafulela phansi ukuthi ayisoze ikuphinde lokho futhi.

**Simayedwa** **:** Ye! Ayisizo zodwa inhlupho esihlangana lazo lapha, zinengi. Kukhona njalo ukutshayana balimazane.

**Danisile** **:** Uqinisile zinengi izehlakalo ezenzakala endaweni yethu le okufanele zilungiswe sibili ngoba yikho okubangela izimfa zezibotshwa (*watsho benqekuza amakhanda bevumelana ngenkulumo yabo*).

**Simayedwa** **:** Pho kungenziwani ukuze inhlupho lezi zazakale njalo zilungiswe?

**Danisile** **:** Ah! Asazi lokho kufuna umuntu angaphuma lapha azise abamaphephandaba, kumbe azise umphathi wamajele ukuze konke lokhu kuphumele egcekeni.

**Simayedwa** **:** Ye! Uqinisile ngoba isephulamthetho silelungelo laso njalo akutsho ukuba nxa uyisephulamathetho sekumele uthwaliswe nzima uze uye kogoqanyawo.

**Danisile** **:** Yekela mfowethu (*anyikinye ikhanda okutshengisa ukuba le indaba yayimhlukuluza okwamagama*) impilo inzima lapha. Lesi yisifundo sibili sokuthi umuntu angaphindi ukwephula umthetho.

**Simayedwa** **:** Ya! Ukufa kungcono kulokuba kule indawo, lokulala silala emkotweni engathi sizimbuzi, sidonselana ubhayana oyedwa aze adabuke. Lensikizi zithi khona, uthwebuze usathwebuza.

**Danisile** **:** Nanso impembe. (*watsho uDanisile besukuma kanyekanye*).

**Siymayedwa :** Asigijime sizalala ngendlala singaphuza.Lokudla kwakhona kuyaphela abantu bengakadli bonke.(*batsho begijima besiya lapho okudlelwa khona*).

*Ithethwe kugwalo oluthi: **Today Revision**, oluhlelwe ngu C. Mpofu lo S.Nyoni, Zimbabwe Publishing House, 2014.*

**3** Fundisisa inkondlo engaphansi uphendule imibuzo elandelayo:

**(i)** Usebenzisa inkondlo le, qathanisa impilo yentsha yanamuhla lempilo yentsha yayizolo. [20]

**(ii)** Umlobi ujongeni ngokwethula imibono le enkondlweni yakhe? [15]

Intsha ihambe kubi
Nanku umhlaba usumubi
Ukuba ngumntwana bekukuhle
Umhlaba uyiluju umuhle
Namuhla yizinyembezi azisizi
Namuhla yizililo izinsizi
Oh! Yahamba kubi intsha
kuhle iphindele iyekuza butsha.

Ingane yayingeyesizwe
Iklekliswana bekubanga ukuyiklekla
Uma isibanga ibanga lokuqwahela
Isizwe siqoqane siyinqinekela
Ilala behle ingazi ezisindayo ezomhlaba.

Ngenxa yezifuba zesizwe ezaziyizo
Idlala ichelesile ithaba iphelele ngqe
Ngenxa yobuqotho bomhlaba
Owawuyi lokho okubonwa lilihlo
Ithemba isizwe ngoba sithembeka
Kumqoka ukuba yingane esizweni
Ithapha uluju ifunda
Konke okuyikho bekukhona
Bonke ababalisi bebezinikela besazi
Ikhahlela ikhuselekile
Iyimpunzi ehlathini kodwa ikhungiwe
Ingamanzi emunywa liphansi.

Ingamanzi emi edwaleni
Ingatsha zibezinatha uluju lwempande
Iluba likhupha isithelo sihlabusa
Ibivela ilophawu ingadingwa

Iyiyo ngokwayo ngabakibo
Ize ikhulele ukuklekla, ukubalisa
Kumnadi ukuba yingane kulesisizwe.

Yadilika inhlalo isizwe sachitheka
Mbaxambili ntathu hlanu izindlela zasabalala
Zantula izingane intsha yabuna
Idla ibaliselwa ngoba idla imbilaphi
Ifunda icongolozela ngoba idla imbilaphi
Imidlalo mpu bangena ubudlova
Idlabuzane ladlepha abekhaya
Yakhula ingakakhuliswa yafuba
Yafunzwa amanga ayaqiniswa liqiniso
Yaxegiswa yinzondano yazi isikhwili
Laba libi ilihlo yabona umhlaba usumubi
Yavuka ngembenge yatshona ngensango
Yabona isango lokuguga yathi yinotho,ntshobe
Yaluswela uphawu yaphapha yathutha
Yaphephela phetsheya afa amandlwane
Ihambe kubi intsha
Iphuzile yaficwa luhlupho olutsha.
Iwayiphuza yaphuza ukukhula
Kwanda ubunzima impilo yehlula
Inhlanzi lanxa edwaleni
Izibonkolo zodwa emhlabeni.

*Inkondlo le ithethwe kuqoqo lezinkondlo,**Imbabazane** elikaFelix F. Moyo, Usiba Publishers, 2002.*

## ISIGABA B

Phendula umbuzo **owodwa** kulesi isigaba

***T.M. Ndlovu, D.N. Ndlovu loB.S. Ncube:*** **<u>Imikhuba Lomasiko AmaNdebele</u>**

***N.P Ndhlukula:*** **<u>Imvelo Lolimi LwesiNdebele</u>**

**4**. Xoxa ngemvelaphi yamaNdebele ngendlela uNdhlukula ayichaze ngayo. [30]

**5.** Ugwalo oluthi, <u>lmvelo Lolimi LwesiNdebele</u> lubaluleke kangakanani kumlandu wokulotshwa kwezingwalo ezikhuluma ngezasendulo? Veza umbono wakho usekele ngezibonelo ezivela kulolugwalo. [30]

**6**. Ukuphicana kwakungeyinye yezindlela zokukhulisa umntwana opheleleyo. Xoxa. [30]

